

**IZINSELELO EZIBHEKENE NABESIFAZANE EMPILWENI YABO  
YANGEMIHLE EZINCWADINI EZINE EZIYIMIDLALO: 'ISIHLEHLA  
SENDLELA', 'ICALA KALIBOLI', 'KWAZE KWALUKHUNI', KANYE  
NETHI 'WANGIBULALA BABA': KUBHEKWA NGENJULALWAZI  
YEFEMINIZIMU.**

**IBHALWE NGU**

**THANDEKA ANGEL MTHETHWA**

**UMSEBENZI OWETHULWA UKUFEZA IZIDINGO ZEZIKU  
ZEMASTER OF ARTS, EMNYANGWENI WEZILIMI EYUNIVESITHI  
YASEWITWATERSRAND, EGOLI.**

**UMELULEKI: UDOKOTELE E.B ZUNGU**

**USUKU: KULWEZI 2020**

## **ISIFUNGO**

Mina Thandeka Angel Mthethwa ngiyaqinisa ukuthi lo msebenzi osihloko sithi: **IZINSELELO EZIBHEKENE NABESIFAZANE EMPILWENI YABO YANGEMIHLE EZINCWADINI EZINE EZIYIMIDLALO: 'ISIHLEHLA SENDLELA', 'ICALA KALIBOLI', 'KWAZE KWALUKHUNI', KANYE NETHI 'WANGIBULALA BABA': KUBHEKWA NGENJULALWAZI YEFEMINIZIMU** umsebenzi wami engizenzele wona. Ngियाqinisa futhi ukuthi okusetshenzisiwe nengibukele kukho kuveziwe ekugcineni kwalo msebenzi ngokuveza uhla lokusetshenzisiwe.

**Ukusayina:** \_\_\_\_\_

(Thandeka Angel Mthethwa)

**Usuku:** \_\_\_\_\_

## **ISETHULO**

Ngethula lo msebenzi wami kumama wami ongasekho emhlabeni uThab'sile Eunice Ngwenya, ubaba wami uSolomon Mdutshwa Mthethwa, ubhuti wami uSibusiso Gerald Zitha, osisi bami uNomfundo Portia Ngwenya, uLethukuthula Nomthetho Mthethwa, uFanelesiphile Nomcebo Mthethwa kanye nengane yami uZothile Liyanda Mthethwa.

## UKUBONGA

Ngizothanda ukudlulisa ukubonga okukhulu kulaba bantu abalandelayo:

- Ngizoqala ngokubonga umeluleki wami okunguDokotela Evangeline Bonisiwe Zungu owangisiza ngokuqinisekisa ukuthi lo msebenzi uba yimpumelelo kusukela kwi-Onazi kuze kube imanje. Lo msebenzi ubungeke ube yimpumelelo ngaphandle kwezeluleko, iziyalo, induduzo kanye nenkombandlela yakhe. Ngibonga ukungibekezelela kwakho ngisho noma isimo singavumi. Ngibonga ithemba obuhlezi ungipha lona nokungigqugquzela kwakho. Ngibonga uthando lwakho, umusa wakho kanye nesineke onaso. Ngiyaziqhenya ngokululekwa nguwe dokotela. Ngithi Zungu, Gwabini, Manzini, Ncwane Kankomo yase maheyeni, ukwenze nakwabanye. Isandla sidlula ikhanda.
- Ngithande nokudlulisa okukhulu ukubonga kubaba wami ongizalayo ngokungibekezelela nokwamukela ukuthi ngiqhubeke nezifundo zami. Ngibonga uthando lwakhe angiphe lona kanye nesapoti angiphe yona uma ngiqala ukubhala. Ngiphinde ngibonge nokungibekezelela lapho engidinga khona kodwa engangitholi ngenxa yokuxinwa umsebenzi. Mthethwa! Nyambose! Jobe! Mavela! Dingiswayo!
- Ngibonge noMdali ukungipha amandla okwenza lo msebenzi uze ube yimpumelelo kanye namadlozi akithi ngokungilondoloza nokuhamba nami nokungikhanyisela indlela lapho ngingasaboni khona nokungibuyisa endleleni lapho ngiphambuka khona.
- Ngibonge osisi bami kanye nobhuti wami ngokungibekezelela ngesikhathi ngisaxinwe yilolu cwaningo ngingakwazi ukubanika izidingo abazidingayo empilweni.
- Ngidlulise ukubonga kudadewethu usis' Thandi ngokungibonela ingane

yami, ngokuyinakekela nokuyipha uthando ngesikhathi ngehla ngenyuka ngenza lo msebenzi. Ngikubonga ngamagama angaphezu kwayizinkulungwane, isandla sidlula ikhanda, Nyambose omkhulu!

- Okokugcina kodwa okungekuncane, ngithanda ukubonga abanye ababhali ngezincwadi zabo zemidlalo abazibhalile engizisebenzisile kanye namadizetheshini, amatisisi, amaphepha, amajenali, amamojuli kanye nezinye izinsiza engithole usizo kuzona.

## ISIFINGQO

Isahluko sokuqala isingeniso socwaningo ukuthi ngabe lolu cwaningo luzokhuluma ngani ukuze umfundi asheshe acaciseleke ngokushesha. Sibheka izinhlobo zemibhalo eziyimidlalo, ukwakheka kwazo kanye nokuhlukana kwazo. Kube intshisekelo yocwaningo lapho sinaba khona ngemvelaphi yocwaningo kanye nokuthi umabonakude unamthelela muni ekuphathweni kwabantu besifazane emiphakathini evuna abantu besilisa, sibe sibheka nenhloso. Kuso sona lesi sahluko sethula izindlela zokuqhuba ucwaningo, ireshinale, umbono ongakafakazelwa kanye nokubuyekezwa kwemibhalo.

Isahluko sesibili sona siqukethe injululwazi lapho kugxilwe khona kuFeminizimu, Wumenizimu kanye ne-Afrikana Wumenizimu ichazwa izifundiswa ezahlukene eziqondene ngqo nala mathemu angenhla. Lesi sahluko sizochaza kabanzi siveze imibono ehlukahlukene mayelana neFeminizimu kanti neWumenizimi ne-Afrikana Wumenizimu kuyathinteka.

Lesi sahluko sesithathu singenisa indaba ethi: ‘Isihlahla Sendlela’ ebhalwe nguPuleng Frank Kekane eyashicilelwa ngonyaka wezi-2008. Kubhekwa indlela abalingiswa babantu besifazane abavezwe ngayo bese kubhekwa nangendlela yeFeminizimu neWumenizimu emva kokufinqwa komdlalo. Izobhekana ngqo nokwehluka ngokobulili, indlela yokuziphatha kwabesifazane, ukuvezwa kwabesifazane ngababhali besilisa kanye nokuhlukaniswa kwemisebenzi ngokobulili.

Esesine sona isahluko sizogxila encwadini yesibili kwezine ethi: ‘Icala Kaliboli’ ebhalwe nguVincent Mxolisi Mbhele eyashicilelwa ngonyaka wezi-2015 kuzobhekwa indlela abantu besifazane abavezwe ngayo ngokweFeminizimu. Siphinde sibheke indlela umphakathi kanye nomabonakude onomthelela ngayo

ekuphathweni kwabantu besifazane encwadini nasemphakathini. Sizogxila kunkolo nendlela ecindezela ngayo abesifazane, imiphakathi evuna abesilisa, ubumama kanye nezindima nemisebenzi yabesifazane.

Isahluko sesihlanu sona sizogxila encwadini eyabhalwa nguNakanjani G Sibiya ethi: ‘Kwaze Kwalukhuni’ eyashicilelwa ngonyaka wezi-2004. Lapha kuzobhekwa amasiko amayelana nabantu besifazane ukuthi ingabe awabahlukumezi na. Kuzophinda kubhekwe ukuthi isiko, iziyalo, amalungelo, izisho kanye nezaga azinakuchema ngokobulili na.

Isahluko sesithupha kuzobhekwa incwadi yesine ethi: ‘Wangibulala Baba’ eyashicilelwa ngonyaka wezi-2004 ngu G.A Malindiza lapho kuzobhekwa ukuvezwa kwabantu besifazane encwadini kanye nokuthi kungani umuntu wesifazane engaphathwa ngokulinganayo nomuntu wesilisa. Sibheke nokuthi kunamthelela muni ukuhluka kobulili ezintweni ezenzeka emiphakathini nakweminye imikhakha jikelele. Lesi sahluko sibhekana ngqo nezinhlolo zabesifazane eziveziwe, ukudayisa ngokocansi, kanye nokuhlukunyezwa kwamantombazane nabesifazane ngokocansi.

Isahluko sesikhombisa siqoqa ucwaningo lonkana, sisonge siphinde sincome okwenziwe ngaphezulu ezahlukweni. Lapha kusukwe sekuphethwa kuvezwa imibono ehluahlukene mayelana nokungenziwa ukuze emiphakathini esiphila kuyo bangacwaswa abantu besifazane ngokobulili futhi kubhekwe amasiko asacindezela abantu besifazane.

## **AMATEMU ABALULEKILE**

IFeminizimu, iWumenizimu, i-Afrikana Wumenizimu, abalingiswa besifazane, iphathriyakhi, imadahudi, ukuchenywa ngokobulili, amasiko esiZulu, ababhali bemidlalo, ukuvezwa nokuphathwa kwabesifazane, insikasimo.



## **OKUQUKETHWE**

<b>ISIFUNGO.....</b>	<b>ii</b>
<b>ISETHULO.....</b>	<b>iii</b>
<b>UKUBONGA.....</b>	<b>iv</b>
<b>ISIFINGQO.....</b>	<b>vi</b>
<b>AMATHEMU ABALULEKILE.....</b>	<b>viii</b>
<b>OKUQUKETHWE.....</b>	<b>xi</b>

## **IS AHLUKO SOKUQALA**

<b>Isingeniso.....</b>	
1.1 Isingeniso.....	1
1.2 Intshisekelo yocwaningo.....	4
1.2.1 Umthelela wakumabonakude.....	9
1.3 Inhloso yalolu cwaningo.....	21
1.4 Izindlela zokuqhuba ucwaningo.....	23
1.4.1 Ipharadaymu.....	26
1.5 Ukubuyekezwa kwemibhalo.....	27
1.6 Ireshinale.....	33

1.7 Umbono ongakafakazelwa.....	34
1.8 Imibuzo yocwaningo.....	36

## **ISAHLUKO SESIBILI**

<b>Injulalwazi.....</b>	
2.1 Isingeniso.....	37
2.2 IFeminizimu.....	40
2.3 IWumenizimu.....	43
2.4 I-AFrikana Wumenizimu.....	45
2.5 Isiphetho.....	54

## **ISAHLUKO SESITHATHU**

<b>Ukwehlukana ngokobulili.....</b>	
3.1 Isingeniso.....	58
3.2 Ukufingqa indaba: Isihlahla Sendlela.....	58
3.3 Indlela yokuziphatha kwabesifazane.....	59
3.4 Ukuvezwa kwabesifazane ngababhali besilisa.....	60
3.5 Ukuhlukaniswa kwemisebenzi ngokobulili.....	65
3.6 Umthelela wamagama aqanjwa abalingiswa.....	67
3.7 Isiphetho.....	69

## **ISAHLUKO SESINE**

### **Izinkolelo ezihlukumeza abesifazane.....**

4.1 Isingeniso.....	71
4.2 Ukufingqa indaba: Icala Kaliboli.....	71
4.3 Imibono eyahlukene ngabesifazane.....	73
4.4 Imiphakathi evuna abesilisa.....	75
4.5 Ubumama.....	81
4.6 Imisebenzi nezindima zabesifazane.....	85
4.7 Inkolo yamaKhristu.....	87
4.8 Isiphetho.....	88

## **ISAHLUKO SESIHLANU**

### **Amasiko ahlukumeza abesifazane**

5.1 Isingeniso.....	92
5.2 Ukufingqa indaba: Kwaze kwalukhuni.....	93
5.3 Isiko lokuzila.....	95
5.4 Isiko lokungena noma lokungenwa.....	100
5.5 Isiko lokuhlolwa kwezintombi.....	103
5.6 Izaga, izisho kanye neziyalo.....	112

5.7 Isiphetho.....	118
--------------------	-----

## **ISAHLUKO SESITHUPHA**

### **Ukuhlukunyezwa kwabesifazane ngokocansi.**

6.1 Isingeniso.....	121
6.2 Ukufingqa indaba: Wangibulala Baba.....	121
6.3 Izinhlobo zabantu besifazane.....	123
6.4 Ukuhlukunyezwa kwamantombazane ngokocansi .....	127
6.5 Ukuhlukunyezwa kwabesimame ngabesilisa.....	130
6.6 Ukudayisa ngomzimba.....	133
6.7 Isiphetho.....	136

## **ISAHLUKO SESIKHOMBISA**

### **Isiphetho.....**

7.1 Okutholakele.....	138
7.2 Okungenziwa noma izincomo.....	141

### **IMITHOMBO YOLWAZI .....**